

Ukulungiselela Inguquko



ISABATHA EMINI

Funda Kuleliviki:

1 Kor. 10:1–13, Gen. 2:24, 1 Kor. 13:4–8, 1 Sam. 1:27, AmaHubo 71, 1 Kor. 15:24–26.

Indimana Yekhanda:

“Ukulunga kuyakuhamba phambi kwakhe, kwenzele izinyawo zakhe indlela” (AmaHubo 85:13, NKJV).

Impilo igcwele izinguquko. Izinto ziguquka sonke isikhathi. Okuyikona kuphela okungaguquki yiqiniso lenguquko uqobo. Inguquko, empeleni, iyingxeny yobukhona bethu. Nemithetho ye-physics ibukeka ifundisa ukuthi inguquko ikhona esisekelweni sezinto. Imvamisa, inguquko ifika ingalindelwe. Siyaqhubeka ngokujwayelekile lapho, ngokuzuma, ngokuphazima, konke kuyaguquka, futhi sizithole singakulindele. Ngakolunye uhlangothi, Ngezinye izikhathi siyazibona izinguquko ziza. Siyanikezwa izixwayiso, izimpawu, izinkomba ezisazisa ngokuthi izinto zizokwehluka. Ngenkathi Lokhu kwenzeka, kuphusile ukuqala ukulungiselela, kangangokuba unako, lokho esikubona kuza. Eziningi zalezizinguquko zinkulu: ukushada, abantwana, ukuguga, kanye nakho ukufa.

Yebo futhi, asiziphileli sodwa. Okuchaza ukuthi, ke, izinguquko eziza kithina zingathinta nemindenini yethu, futhi ngazindlela ezinkulu. Ngesikhathi esifanayo, izinguquko emindenini yethu ingathinta ilungu ngalinye lomndenini, futhi. Kuleliviki, makesibuke ezinye zezinguquko okungathi manje noma ngokuzayo, noma yingayiphi indlela, iningi lethu elibhekana nazo nangendlela lezizinguquko ezingathinta ngayo imindenini yethu.

**Funda lesisifundo ukulungiselela iSabatha lika-April 20.*

Ungakulungele

Kunye nje ngeZwi likaNkulunkulu: alikhi nje phezulu ngamaqiniso empilo yesintu. Kunalokho, liwaveza ngobunjalo bawo futhi, Ngezinye izikhathi, ngobuhlungu nangokuphelelwa yithemba. Empeleni, ngaphandle kwamakhasi okuqala ambalwa eBhayibheli kanye nambalwa okugcina, Izwi likaNkulunkulu lidweba umfanekiso odabukisayo wesintu. Wayengenalo ihaba uPawule ngenkathi ebhala: “ngokuba bonke bonile, basilalelwe inkazimulo kaNkulunkulu” (Rom. 3:23, NKJV).

Funda u-1 Korinte 10:1–13. Yiziphi izixwayiso kanye nezithembiso ezilapha na?

Ngezindlela eziningi, Ukwenza kwethu okuningi empilweni kuyindlela esiphendula ngayo kwinguquko. Sibhekana nezinguquko njalo; inselele kithi, njengamaKristu, ngeyokubhekana nazo ngokholo, sethembela kuNkulunkulu futhi sembule lolokholo ngokulalela, noma isilingo kungesokuphikisana nalokho. “Imfuno enkulu yezwe kunayo yonke yimfuno yamadoda—amadoda angeke athengwe noma athengiswe, amadoda ngaphakathi kuwo aqinisekile futhi eqotho, amadoda angesabi ukubiza isono ngegama laso elifanelekile, amadoda onembeza wawo uqinisekile emsebenzini njengenaliti othini, amadoda ayolimela iqiniso nakuba izulu liwa.”—Ellen G. White, *Education*, p. 57. Lawomazwi ayeqinisekile kuSrayeli wasemandulo njengalokhu ayenjalo ngesikhathi sika-Ellen G. White, futhi nanjengoba enjalo kithina manje.

Yimaphi amaphutha abantu kwizahluko ezilandelayo abawenza bebhakene nezinguquko, futhi singafundani kulamaphutha abo na?

Zenzo 5:1–10

Gen. 16:1, 2, 5, 6

Mat. 20:20–22

Izinguquko ziyeza, futhi zivama ukuletha izilingo, izinselele, futhi ngezinye izikhathi, nokwesaba. Ngalokho, kubucayi ukuba sibe nesivikelo sezikamoya ukubhekana nazo ngendlela efanele. Futhi, noma ngabe izinguquko zingalindelekile noma ngabe ziyingxenye nje yokuphila, siyadinga ukulungela lokho okuzayo, okubonakalayo nokungabonakaliyo.

Ukulungisela Ukushada

Ezinye zezinguquko ezinkulu kunazo zonke umuntu abhekana nazo yilapho eshada. Nembala, akubona bonke abashadayo. Futhi ke, uJesu, isibonelo sethu esikhulu kunazo zonke, akazange, njengoba nabalingiswa abanengi beBhayibheli bengazange. Nakuba Kunjalo, abantu abaning bayashada, futhi ngalokho, iBhayibheli alithule mayelana nomshado, ngokuqinisekile okungenye yezinguquko ezinkulu Zempilo. Ukuhlelwa kokuqala kokuhlala okubaluliwe eBhayibhelini ngumshado. NgokukaNkulunkulu, ukushada kusemqokka kangangokuba amagama afanayo awasho kuAdamu noEva eEdeni mayelana nomshado avela ezindaweni ezintathu Emibhalweni. “Ngalokho indoda iyakushiya uyise nonina, inamathele kumkayo; bayakuba nyamanye” (Gen. 2:24; buka futhi uMat. 19:5, Marko 10:7, Efes. 5:31). Lezizahluko zisitshela ukuthi lapho umuntu eshada, ubudlelwane obusemqoka kunobo bonke ezimpilweni zabo kumele kube phakathi kwabo nomlingani wabo, futhi lokho ngaphezu kwaphakathi kwabo nabazali babo. Phakathi kwalezizizathi zomshado phakathi kwendoda nomfazi okubaluleke kakhulu kuNkulunkulu yikuthi umele ubudlelwane obukhona phakathi kweNdodana Yakhe, uJesu kanye nebandla, umlobokazi Wakhe (Efes. 5:32). Ekwakheni indlu, othile kumele ame futhi acabange ngezindleko (Luka 14:28-30); kangani ke ekusunguleni ikhaya na? Indlu yakhiwa ngezitini kanye nosimende, izinkuni kanye nensimbi, izingcingo kanye nengilazi. Kodwa ikhaya lakhiwa ngezinto ezingaphathekiyo.

Yiziphi ezinye izimpawu ezibucayi ezibalulekile empilweni yonke kodwa ezibaluleke ngokukhethekileyo kulabo abalungiselela ukushada na? 1 Kor. 13:4–8; Gal. 5:22, 23.

Ukulungiselela umshado kumele kuqale ngathi uqobo. Kusenjalo, kumele sibukisise lowo esizoshada naye ukubona ukuthi ngabe uzosifanela yini. Ngabe usebenza ngokuzikhandla na? (Zaga 24:30–34). Ngabe unolaka na? (Zaga 22:24). Ngabe sikholwa ngokufanayo na? (2 Kor. 6:14, 15). Umndeni nabangani bacabangani ngaye na? (Zaga 11:14). Ngabe ngincike okholweni noma emizweni kuphela na? (Zaga 3:5, 6). Izimpendulo zalemibuzo zingasho ikusasa lenjabulo noma impilo yosizi.

Cabanga ngemishado elungileyo. Yiziphi izimiso ozithola lapho ezingasetshenziswa kwezinye izinhlobo zobudlelwane na?

Ukulungiselela Ubuzali

Zimbalwa izinto ezingaguqula izimpilo zethu ngaphezu kokuzalwa kwengane. Akukho emndenini okuphinde kufane futhi. “Njengemicibisholo esandleni seqhawe banjalo abantwana bobusha. Ibusisiwe indoda emgodla wayo ugcwele bona” (Hub. 127:4, 5, NKJV). Kusenjalo, abantwana abafiki nencwadi yomniniyo echazela abazali babo ngakho konke okumele bakwenze ukubanakekela kanye nokuhlola izinkinga ezingase zivuke. Ngisho nabazali abanamava bayakhungatheka Ngezinye izikhathi ngezenzo, amazwi, noma umoya wezingane zabo. Kubaluleke Kunjalo ukulungiselela umshado, kusemqoka futhi ukuthi labo abazoba ngabazali bawulungele lomthwalo othuthumelisayo.

Nakuba zehlukile lezizindaba ezilandelayo mayelana nokuzalwa, yiziphi izimiso labo abalungiselela ukuba ngabazali abangazitomula kuzo na? 1 Sam. 1:27; Abahlul.13:7;Luka 1:6, 13–17, 39–45, 46–55, 76–79.

Maye umthwalo othuthumelisayo kanye nethuba lababazali ababenalo. Laba abathathu ababezoba ngabazali babaprofethi kanye nabaholi kwaIsrayeli, omunye wezingane zabo wayezoba ngumanduleli kaMesiya wesithembiso, futhi omunye walezizingane wayezoba nguKristu. Kepha, nakuba izingane zingamiselwe ukuba ngabaprofethi bebhayibheli, abazali kusamele balungiselele lenguquko enkulu ezimpilweni zabo. “Nangaphambi kokuba ingane izalwe, ukulungiselela kumele kuqale okuzokwenza ikwazi ukulwa ngempumelelo impi ebhekene nobubi. “Uma ngaphambi kokuba ingane izalwe unina akazithibi, unomhawu, akabekezeli, futhi unempopo, lezizimpawu zizobonakala esimweni sengane. Ngalokho izingane eziningi zithole njengefa imikhuba ecishe ingakhuzeki yobubi.”—Ellen G. White, *The Adventist Home*, p. 256.

Noma ngabe yizingane ezingaphansi kokunakekelwa yithi noma sinomthwalo ngabanye abantu, Yiziphi izinto esingazenza ukufeza lemithwalo ngendlela enobuNkulunkulu na?

Ukulungiselela Ubudala

“Izinsuku zeminyaka yethu zineminyaka engamashumi ayisikhombisa; kuthi uma zizingi, zineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili; nokho ukuvama kwazo kungukhupheka nelize, ngokuba zidlula masinyane, thina siyandiza, simuke” (Hub. 90:10, NKJV). Lamazwi aphuma kuMose asikhumbuzo ngokuhamba kwesikhathi. Njengalokhu iminyaka ifika idlule, siqala ukubona futhi sizwe izinguquko emizimbeni yethu. Izinwele zethu ziba mpunga noma ziqothuke, siqala ukungasheshi, futhi izinhlungu ziba yinto yethu yamihla yonke. Uma sishadile futhi sinabantwana, abantabethu bangaba nabantwana, futhi sithakasele abazukulu bethu. Izikhathi ezidlule Zempilo zisilungiselele ukuba sibhekane nesokugcina

Funda iHubo 71. Lelihubo lisitshelani mayelana nokungalungiseleli nje ukuguga, kepha impilo ngokubanzi na?

IHubo 71 yihubo lomuntu omdala oba namava ezinselele eziza nempilo, kodwa othokozayo ngoba ubeke ithemba lakhe kuNkulunkulu. Okuyiyona ndlela engcono kunazo zonke zokuguga ngeyokubeka ithemba lethu Kuye sisebasha. Ngamazwi avamile, umbhali walelihubo wabelana ngezifundo ezintathu ezibalulekileyo azifundile ngenkathi esondele kulesisigaba sempilo yakhe.

1. Khulisa ulwazi ngoNkulunkulu olujulile. Kusukela ebusheni bakhe(Hub. 71:17), uNkulunkulu ubeyinqaba yakhe(Hub. 71:1, 7) noMsindisi wakhe(Hub. 71:2). UNkulunkulu uyidwala nenqaba(Hub. 71:3), ithemba lakhe neqholo(Hub. 71:5). Ukhuluma ngezenzo zikaNkulunkulu zamandla(Hub. 71:16, 17), kanye namandla Akhe(Hub. 71:18), kanye nazo zonke izinto ezinkulu [uJehova] azenzile(Hub. 71:19). Ekugcineni uyamemeza, “O Nkulunkulu ngubani ofana Nawe na?” (Hub. 71:19, NKJV). Lokhuya kuxoxa noNkulunkulu kwansuku zonke, lapho sifunda Izwi Lakhe futhi sizindla ngakho konke asenzele kona, kuzodephisa amava ethu kanye Naye.

2. khulisa imikhuba emihle. Ukudla okunomsoco, ukulolonga umzimba, amanzi, ilanga, ukuphumula, njalo, njalo, kosisiza sithokozele ukuphila isikhathi esilulekile neningcono. Qaphela ngokukhethekile indlela umhubi abhekisa ngayo kwimikhuba yokwethemba(Hub. 71:3), ukudumisa(Hub. 71:6), kanye nethemba(Hub. 71:14).

3. Khulisa ukushisekela umsebenzi kaNkulunkulu. Umuntu okulelihubo wayengabhekile ukuthi uzohlala engenzi lutho ebudaleni bakhe. Nasekumpesheni kwakhe Wayefuna ukuqhubeka nokudumisa uNkulunkulu (Hub. 71:8 kanye nokutshela abanye Ngaye(Hub. 71:15–18)).

Kulabo asebebadala, Yiziphi ezinye izinzuzo zokubamdala na? Yini oyaziyo manje owawungayazi usemusha ongabelana ngayo nalabo abasebasha na?

Ukulungiselela Ukufa

Ngaphandle kokuba sibe sisaphila Ekuzeni Kwesibili, enye inguquko sonke esingayilindela ngenkulu kunazo zonke: ukusuka ekuphileni uye ekufeni. Ngokuhambisana nokuganwa kanye nokuzala, iyiphi enye inguquko ethinta kakhulu umndeni njengokufa kwelungu eliseduzane lomndeni na?

Funda u-1 Korinte 15:24–26. Lezizindimana zisifundisani ngokufa na?

Izikhathi eziningi, nembala, ukufa kufika kungalindelekile futhi ngesihluku. Mangaki amadoda, abesifazane, kanye nabo abantwana, abavuke ekuseni kuphela, kuthi lingakashoni ilanga, bavale amehlo hhayi ngoba belala kepha befa na? Noma abavuke ekuseni kwathi lingakashoni ilanga babesebeswele ilungu lomndeni na? Ngaphandle kokuba uqinisekise ukuthi uxhumene ngokholo noJehova futhi wembathiswe ukulunga Kwakhe umzuzu ngomzuzu (bukauRom. 3:22), ngeke wakulungiselela ukufa ongakuboni kuza, kuwe noma kothandiwe wakho. Ngakwesinye isandla, yini obungayenza uma ubuwazi ukuthi unezinyanga ezimbalwa zokuphila na? Singekwazi ngokuqinisekile ukuthi ukufa kosengamela nini, kodwa singazi ngokuqinisekile ukuthi sesisondele ekupheleni kwempilo yethu. Ngalokho, kubucayi kakhulu ukuba sizilungiselele kanye nemindeni yethu ngalokho esingekugweme.

Funda u-1 Amakhosi 2:1–4, amanye amazwi okugcina uDavide awasho kwindodana yakhe uSolomoni. Yiziphi izifundo esingazithatha kulokhu ngokulungiselela kwakhe ukufa, thina namalungu emindeni yethu na?

Sithi nhla okokuqala, othile angasho athi, Yeheni bo! UDavide, owabulala u-Uriah ngemuva kokukhulelisa umkakhe ngokuphinga (buka u-2 Samuweli 11), bese etshela indodana yakhe ukuba ihambe ngendlela kaJehova. Ngakolunye uhlangothi, mhlawumbe kwakungenxa kanye yalesisono kanye nemiphumela yaso emibi eyalandela okwenza amazwi okugcina kaDavide abenamandla. Ngokungangabazi, wayezama, ngendlela yakhe ukuxwayisa indodana yakhe ukuba igweme lobubuwula obamlethela usizi olukhulu. UDavide wayefunde, kalukhuni, izifundo ezilukhuni ngenani lesono, futhi ngokungangabazeki wayenethemba lokusiza indodana yakhe igweme obunye ubuhlungu yena ayenamava abo.

Cabanga Kabanzi:

Uma sifunda indaba kaIsrayeli wasendulo ehlane, sibona indathane yamaphutha lapho bebhekene nezinguquko ezinkulu, futhi nakuba bebone uthando namandla kaNkulunkulu. Empeleni, ngaphambi kokuba uIsrayeli, Ekugcineni, angene Ezweni Lesithembiso—futhi ngalokho abhekane nenye inguquko enkulu—uMose wakhuluma lamazwi alandelayo: “ ‘Amehlo enu abonile okwenziwa nguJehova ngenxa kaBali Peyori ukuthi uJehova uNkulunkulu wakho wabachitha phakathi kwakho bonke abantu ababemlandela uBali Peyori. Kodwa nina enanamathela kuJehova uNkulunkulu wenu nisekhona nonke nanamuhla. Bhekani, nginifundisile izimiso nezahlulelo njengokungiyala kukaJehova uNkulunkulu wami ukuthi niyakwenza kanjalo phakathi kwezwe eningena kulo ukulidla. Ngalokho manizigcine, nizenze, ngokuba lokhu kungukuhlakanipha kwenu nokuqonda kwenu emehlweni ezizwe eziyakuzizwa zonke lezi zimiso, zithi: ‘Impela lesi sizwe esikhulu singabantu abahlakaniphileyo nabaqondileyo.’ Ngokuba yisiphi isizwe esikhulu esinonkulunkulu oseduze naso njengoJehova uNkulunkulu wethu, enjalo nanini lapho simbiza, na? Yisiphi isizwe esikhulu esinezimiso nezahlulelo ezilungile njengawo wonke lo mthetho engiwubeka phambi kwenu namuhla na? Kepha xwaya, ugcine kahle umphefumulo wakho, funa ukhohlwe izinto azibonayo amehlo akho, zimuke enhliziyweni yakho izinsuku zonke zokuhamba kwakho; bazise zona abantwana bakho nabantwana babantwana bakho’ ” (Deut. 4:3–9, NKJV). Kusemqoka ukuba singakhohlwa yilokho iNkosi esenzele kona. Futhi iyiphi indlela engcono yokungakhohlwa ngale kokufundisa abanye nalabo abeza emuvakwethu. Qaphela, futhi, indlela umndeni owawungumongo wakho konke Lokhu, ngokuthi kwakumele bafundise izingane zabo lezizinto. Futhi isono sasePeyori sasiyinto eyayingabhuhisa kuphela impilo yomndeni. “Ubulelesi obaleta ukwahlulela kuNkulunkulu phezu kukaIsrayeli kwakuyilobo bokungazithibi kwezocansi. Ubuthatha kwabesifazane bokuheha imiphefumulo akugcinanga eBali Peyori.”—Ellen G. White, *The Adventist Home*, p. 326.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Eklasini, khulumani ngamanye amalungiselelo owawenza ngenkathi ubhekene nezigaba ezinkulu empilweni, ukuganwa, ukuba ngumzali, ukuguga, noma okunye. Lezizinguquko zawuthinta kanjani umndeni wakho na? Yini oyifundile engasiza abanye ababhekene nezigaba ezifanayo na?
2. Cabanga ngamazwi kaDavide kuSolomoni, futhi ngokwengqikithi yesono sakhe noBathsheba, inhlekele eyengamela insalela yokubusa kukaDavide futhi yathinta kakhulu umndeni ngokubi kakhulu. Kungaziphi izindlela, phakathi kwakho konke, esibona ngazo iqiniso lomusa kaNkulunkulu usebenza na?